



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture & rural development  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

# UKWETHULWA KWESABELO ZIMALI

## 2019/20

INDAWO: KZN LEGISLATURE, PMB  
ISIKHATHI: 09H00 AM



[www.kzndard.gov.za](http://www.kzndard.gov.za)

**uNkk. B.N. Sithole-Moloi**


**uNgqo. KZNDARD (MPL)**



KwaZulu-Natal Department of Agriculture  
and Rural Development



@KZNDARD



**UKWETHULWA KWESABELO  
SEZIMALI 2019/20**





**UKWETHULWA  
KWESABELO SEZIMALI  
2019/20**

*Ukuze ukwazi ukuzitholela lelibhuku, sicela uxhumane  
noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo  
gaseMakhaya, kuleminningwane:*

*Executive Building,  
Communication Services  
01 Cedara Road, Cedara  
Pietermaritzburg  
3200*

*Tel: 033 343 8240*

*Fax: 033 343 8255*

*[www.kzndard.gov.za](http://www.kzndard.gov.za)*



## ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

VOTE 3: INKULOMO YOKWETHULWA KWEMALI YESABELO SIKA 2019/20  
UMNYANGO WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA

Mhlonishwa, Somlomo wesiShay-  
amthetho saKwaZulu Natali

Mhlonishwa Ndunankulu

Amalunga esiGungu esiPhakeme  
ahloniphekile

Amalunga esiShayamthetho ahl-  
oniphekile

Sihlalo weNdlu yobuHoli beNdabuko,  
iNkosi Chiliza

AmaKhosi aseNdlunkulu

Izimeya zeziFunda

Izimeya zeMikhandlu yaseKhaya

AmaKhansela

Abaholi bamaQembu ezoMbusazwe

Izikhulu zomNyango kanye nezez-

iNkampani zawo

Izinhlaka esibambisene nazo

Izimenywa eziKhethekile

## ANGEKE SAYILIBALA IMISEBENZI YENU YOKUSIKHIPHA EBUGQILENI BENGCIINDEZELO YAMABHUNU”.

Ukwethula isabelomali ngenkathi kubungazwa inyanga yokuzalwa kukaMandela kukodwa nje kuyithuba elingandele bani kanti futhi kungumuzwa omnandi ukusho ukuthi ngizizwa ngikhethekile ukuma phambi kwenu kulendlu ehloniphekile ngizokwethula izinhlelo zokusebenzela abantu bakulesi siFundazwe emuva kokhetho lapho bevuselele isivumelwano sethu kanye nabo.

Ngiyathokoza ukuthi angimile nje kuphela lapha njengomholi womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kepha futhi ngizoqinisekisa isibophezelo esiyinqubomgomo senhlangano ebusayo, i-ANC, sokuphokophela ukuletha iMpilo eNgcono kubo Bonke, engubufakazi obubonakalayo nobuphathekayo kubantu bakithi. Ngokukhuthazwa yilesi sibophezelelo phakathi kwabantu ne-ANC, anginaluvalo lokwethula kuleNdlu isabelozimali sonyaka ka 2019/2020 somNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya.

Inkulumo yami yakhelwe phezu kwamazwi kaNgangezwe lakhe, Isilo samaBandla, akawasho ngenkathi kuvulwa isiShayamthetho ekuqaleni kwalo nyaka, lapho athi; “Akukho ukuhlonipheka, asikho isithunzi kanti futhi awekho amalungelo lapho kukhona ububha. Ezolimo zingabuqeda nya ububha.”

## ISETHULO

### Sihlalo oHloniphekileyo,

Ngibusisekile kakhulu ukuma phambi kwenu ikakhulukazi njengoba sisesikhathini lapho sekuphele iminyaka eyikhulu kwasungulwa inhlangano kaKhongolose futhi kuyisikhathi lapho sibungaza impilo kaMongameli wokuqala weNingizimu Afrika ebunjwe kabusha, uDkt. Rolihlahla Nelson Mandela, uMthembu oMkhulu.

Umhlaba wonke uyavuma ukuthi uMnu. Mandela wayeyinqalabutho eyaholela ekubunjweni kabusha kwalelizwe lethu elihle yize izimo zazinzima. Kuye nabanye ababengabaholi ngaphambi kwakhe, ngiqondise ikhakhulukazi koMongameli abayisiShiyagalolunye abahola ngaphambi kokuba inhlangano kaKhongolose ibe ngesebenza ngokukhululeka kusukela ngonyaka ka 1990, ngithi; **“NIYIZINGQALABUTHO ZEZWE LETHU.**



Ukuvumelana namazwi eSilo samaBandla, kuyiqiniso ukuthi UmNyango wezoLimo kanye nomsebenzi wayo wokuhola impi yokuqeda ububha, ukwesweleka kokudla kanye nokudala amathuba emisebenzi ngokuvula amasango omnotho wezoLimo, ikhakhulukazi emiphakathini yaseMakhaya, yiwo onomthwalo wokubhekana ngqo nokwakhiwa kanye nokudlondlobalisa umnotho.

Izingqinamba ezimbaxantathu, zokungalinani, ukwesweleka kwemisebenzi kanye nobubha ziyisikhumbuzo esingalibaleki esiqhakambisa ukuthi izwe lethu lisabhekene nesimo sentuthuko engagculisi kuze kube yimanje. Ngokomlando, abantu abamnyama babeshiywe ngaphandle bengavumelekile ukuba babambe iqhaza ekukhiqizweni nasekuthuthukisweni kwemikhiqizo yokudla yize babenawo umhlaba nezinsizakulima.

Abantu abamnyama babenemihlambi yezinkomo nodukathole bamasimubengasokoli ngomhlaba kwaze kwaba kushaya isikhathi lapho baphucwa konke lokhu ngesankahlu nonya yizifikanamthwalo ezingondlebe zikhany'ilanga. Izingqinamba ezibhekene nemiphakathi yaseMthwalume ohlelweni lokubuyiswa kwemihlaba ziyisikhumbuzo esingasozwe sakhohlakala esidalwa yisimo sempilo nezombusazwe okusamele siqhubeke nokubhekana ngqo naso, yize ezinye izicelo zokubuyiselwa umhlaba sezisombululekile.

Sizwile ngokufa kwezinkomo eningu 1200 enkambini yamadela eseWasbank emuva kokudla ukudla okunobuthi. Sithumele uphiko lwethu lokuNakekelwa kweMpilo

yeziLwane kanye namaphoyisa ukuba ayophenya izinsolo zokudutshulwa kwezinja zokuzingela ezingu 20 zabalimi abamnyama okubikwa ukuthi zidutshulwe ngabalimi abamhlophe endaweni efanayo ngesonto elilodwa. Lolu ngudaba olunohlevana oludinga ukusukunyelwa ngokushesha njengoba imimoya nokushaqeka kwenyuka kuleya ndawo.

SiHlalo ohloniphekile, lesisabelozimali sisihlinzeka ngethuba elihle lokwethula izinhlelo zethu ezizosenza sikwazi ukwenza umsebenzi esinikezwe wona ohambelana ncimishi nokuphawula kanye nemibono yeSilo samaBandla. Angikhohlwa futhi ngamazwi kaNdunankulu waKwaZulu Natali, uMhlonishwa uSihle Zikalala akawasho ngenkathi ethula inkulumo yakhe yeSimo sesiFundazwe mhla zingu 28 kuJuni 2019 lapho athi; "Kule minyaka emihlanu ezayo, sizobona lesi siFundazwe siqalisa uququko lwezolimo oluzoqinisekisa ukuthi sinokudla okwenele, sidlondlobalisa imboni yezolimo siphinde sidale amathuba emisebenzi."

Kusukela ngiqokiwe njengoMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, sengihambele izifunda ezehlukene eziFundazweni saKwaZulu Natali ngixoxisana nezisebenzi zomNyango, izinhlelo esibambisene nazo kanye nabalimi abasafufusa nabahwebayo mayelana nezindaba ezithinta imisebenzi yezolimo kanye nezimakethe. Angisho, malunga ahloniphekile, ukuthi silalele ngesineke ukukhuluma kwabantu bakithi saphinde sazibophezela ukufezekisa izidingo zabo.



Yize usumningi umsebenzi owenziwe ngozakwethu ababehola lomNyango ngaphambilini, kusekuningi okusamele kwenziwe ukuthuthukisa nokuguqula lomkhakha. Sinenhloso yokwakhela phezu kwaleso sisekelo esiqinile abasakhile, silawulwa nguHlelo lukaZwelonke lweNtuthuko, nesibambisene nabo kanye neSu eliyisiSekelo seNtuthuko yezolimo.

Malungu ahloniphekile, sengikhulumile nekhulu eziphethe ukusebenza emNyangweni mayelana nalokho engikubone kungamangebe ekulethweni kwezidingo ngaphinde ngahlinzeka umhlahlandlela okumele olandelwe ukuze kwenyuswe isivini neqophelo lokuhlinzekwa kwezidingo emiphakathini yakithi elimayo kanjalo nakubathengi.

Malunga ahloniphekile, lenkulumo izoveza okumele kwenziwe ngokushesha nokuyizisombululo ekukhululeni amandla ezolimo kanye nokwesekeleka okudingwa yisiFundazwe sethu. Sidinga ukutshala usizo oluvela kuhulumeni ezinhlelweni eziningi zezolimo ezenzeka ezingeni lwabahwebi kanye nakulezo, ikakhulukazi, ezenzeka emiphakathini yaseMakhaya. Sikwenze kwacaca ukuthi uma sizoguqula umkhakha wezolimo esiFundazweni sethu, sizodinga zonke izinhloko ezibambisene nazo ukuba zibe neqhaza ezilidlalayo.

Njengoba sengiqalise izingxoxo nesibambisene nabo kanye nabalimi, ngizibophezela ukusebenzisana nezinhloko ezibambisene nazo, yizinhlangano zabafuyi, ezabalimi kanye nabalimi abalimela ukuzondla abangamelekile ezinhlanganweni. LoHulumeni uzoletsa izinhloko nezisombululo ezisuselwe ezingxoxweni zokubonisana ezibanjwa ngenhloso yokuqonda nokusungula izinhloko eziyisombululo ezifanelekile.

SiHlalo ohloniphekile, yize sethula lesi sabelozimali ngesikhathi lapho isimo somnotho sintengantenga ezweni nasesiFundazweni, usizo oluvela kuhulumeni sizolugxilisa kulezo zinhlelo ezitshengisa ukuba namathuba aqinile okuphumelela futhi zenze inzuzo. Yize ezolimo zaba nomthelela omkhulu ekutakuleni umnotho owalahlekelwa ngamandla ngonyaka ka 2017 kepha yiwo futhi lomkhakha owadala ukuba umnotho uwe nokwadala ukuba lelizwe liguqe ngamadolo engxenyeni yesibili yonyaka ka 2018.

Ngenxa yalesi simo esengisibekile, mangisho ukuthi sinokuthakasa uma sibheka amathuba okukhula esiwavezelwe nguMongameli weNingizimu Afrika, uMnu Ramaphosa, ngenkathi ethula inkulumbo yakhe yeSizwe. Malungu ahloniphekile, ezolimo zidlala indima ebalulekile ekukhuliseni umnotho ziphinde zibe nomthelela omkhulu emnothweni wesiFundazwe.

Umsebenzi wethu njengomNyango oholo phambili kulomkhakha ukwenyusa nokugcwalisa imizamo yethu ngomoya weThuma Mina ukuze siphendule ezolimo esiFundazweni zibe ngumnyakazo wezomnotho obalulekile okuzothi ngawo kuqinisekise ukuthi kunokudla okwenele, kudalwe amathuba emisebenzi, kudlondlobaliswe umnotho emiphakathini yasemakhaya bese konke lokhu kuholele ekuqedweni kobubha.

Isimo somnotho somhlaba wonke esilahlisa ngethemba, njengoba sibaluliwe emibikweni ye IMF kanye ne World Bank, sikhomba ukuthi kunezimo eziyingqinamba emhlabeni wonke, ikakhulukazi, ekungacacini kahle kwengqubomgomo yohwebo kanye nokwenyuka kwempikiswano phakathi kwamazwe amabili ayizikhondlakhondla kwezomnotho okuyi China neMelika.



Okunye okuyinkinga kakhulu kuthina, ukwanda kwezigameko zesimo sezulu ezinzima, izigameko zemvelo eziyinhlekelele kanye nokungabi nasiqiniseko sokuthi izinhlelo zomkhakha wezolimo zizohamba ngokohlelo yini ngenxa yokuguquguquka kwesimo sezulu.

Yize kunjalo, sinombono wokuthi izinhlelo zethu zizoma futhi sizozinqobalezi zingqinamba siholele isiFundazwe sethu esikhathini lapho sinokudla okwenele yonke imindeni eyizakhamizi zaKwaZulu Natali.

Malungu ahloniphekile, njengoHulumeni, kungumsebenzi wethu ukuletha uzinzo, ingqubomgomo ecacile kanye nokuthuthukisa amagalelo okuletha izinhlelo nezidingo ngenhloso yokukhulisa ithemba kubatshali zimali kanye nezimakethe. Izinhlelo zethu kumele zisekelwe ngokusetshenziswa izimali kanye nezinsizakusebenza ngobuchule, siqinisekise ukuthi imali esetshenzisiwe isibuyisela imiphumela emihle ethuthukisa isimo somnotho emiphakathini.

Umkhakha wezoLimo KwaZulu Natali ubungeminye yaleyo ebihola phambili makuziwa kwimikhiqizo yezolimo eziFundazweni. Ukwehla kwenani lemisebenzi yezolimo kulesi siFundazwe kanye nesibalo sabalimi kuyasikhalisa. Sifuna ukuvuselela lolothando lwezolimo senyuse inani lwabakhiqizi abasafufusa kanye nabahwebayo. Yilo mkhakha esingakwazi ngawo ukuba sifezekise izinhloso zentuthuko yemiphakathi yaseMakhaya uhulumeni akazibeke eqhulwini.

Ngasohlangothini lwethu, sizibophezela ukusebenza ngokubambisana neSilo samaBandla kanye namaKhosi aseNdlunkulu ekudlondlobaliseni uguquko kwezolimo ngosebenzisa amathantala omhlaba ongalinyiwe

osezindaweni zasemakhaya. Njengoba uNdunakulu waKwaZulu Natali, uMnu Sihle Zikalala asho enkulumweni yakhe yesiFundazwe wathi; “Sizophinde sethembela kwiSilo samaBandla esinothando oluyisomanga lwezolimo.

NgeSilo samaBandla kanye namaKhosi aseNdlunkulu sizokwazi ukugqugquzela abantu bakithi ukuba babeke eqhulwini umkhiqizo wezoLimo baphinde bawuthumele emazweni angaphandle asenxuse ukuba siwathumele lemikhiqizo” NgoNovemba wonyaka odlule, malungu ohloniphekile, umNyango ubambe iNgqungquthela yezoLimo lapho wawucobelela khona imibono yokusungula Isu lokuSebenza elizoba yisiSekelo sezoLimo (Agricultural Master Plan).

LeNgqungquthela yahlanganisa abantu abavela emikhakheni eyahlukene kwezolimo ukuba badingide ngekusasa nomkhomandlela okumele ulandelwe kulesi siFundazwe. NjengoMphathiswa, ngizoqhubeka nokusebenzela phezu kwezinqumo ezaphuma kuleNgqungquthela kanye nemibono eyaphakanyiswa ngenkathi kwakhiwalsu lokuSebenza eliyisiSekelo sezoLimo.

Kungicacele ngokusabala ukuthi Isu lokuSebenza eliyisiSekelo sezoLimo akumele libe ngusomqulu omuhle wokuhlobisa ihhovisi kepha kumele libe wuhlaka olwemukelwa futhi lusetshenziswe yiyo yonke imikhakha ngaphansi kwezolimo okuhlanganisa amaKhosi nezinhlangano zabalimi abahlwebayo okuyizinhlelo ezibalulekile esibambisene nazo.

Lokhu-ke kuchaza ukuthi kusenezingxoxo eziningi okusamele sibe nazo nezinhlelo ezibambisene nazo ngenhloso yokubazisa kabanzi ngesu lethu ukuze kuthi uma sesiqala ukusebenza sibe sesimqondo munye. Okubaluleke kakhulu okwamanje ukuthi bachazelwe kahle ngalelisu nokuthi lihlangana kuphi futhi lihambisana kanjani nohlaka lweRASET.

Okunye okuhambisana nalokhu ukuthi lelisu lihlangana kuphi futhi lihambisana kanjani noHlelo lwesiFundazwe lweNtuthuko nokuDlondlobala nokuyilo olungumgogodla wokuthuthukisa umnotho esiFundazweni. Ukusebenza ngempumelele kwesu eliyisekelo sezolimo kuncike kakhulu ekutheni lihlangana futhi lihambisane kanjani nezinye izinhlelo ezikhona eziyingqikithi yentuthuko esiFundazweni.



## UKUDLA OKWENELE NOMSOCO

Malunga ahloniphekile, uMongameli wokuqala, uNelson Mandela wake wathi; “Ukunqoba ububha okusona nje isenzo esihle sesihe kepha kuyisenzo sobulungiswa.

Kunguvikela amalungelo abalulekile abantu, okungamalungelo okuba nesithunzi kanye nempilo ehloniphekile.”

Ngokunjalo, uMthethosisekelo ukubeka kucace ukuthi, “wonke umuntu unelungelo lokuthola ukudla namanzi anele.” Lo mthethosisekelo uba sewukubeka emahlombe kahulumeni ukuthi lawa malungelo kumele afezekiswengokushicilela imithetho kanye nezinqubomgomo ezifanelekile.

Malungu ahloniphekile, njengoba nizwile kwethulwa iNkulumo yeSizwe, uhulumeni ubeke umsebenzi wokuqinisekiswa ukuthi kunokudla okwenele eqhulwini, wathi “eminyakeni eyishumi ezayo akekho noyedwa umuntu okumele abulawe yindlala eNingizimu Afrika.” Lesi simemezelo sihambela ncamashi nemizamo yethu yokuqinisekisa ukuthi kunezinhlelo eziningi zokuqinisekisa ukudla okwenele kanye nokuhlinzeka usizo lwezolimo kwimiphakathi yakithi.

Yize imibiko yakamuva iveza ukuthi siyancipha isibalo semizi edla imbuya ngothi uma kuqhathaniswa nenani elabikwa ngonyaka ka 2002, izigameko zendlala zisekhona futhi ziyinqinamba enenkani yeselesele ebhekene nesiFundazwe sethu. UmNyango unombono wokuthi ingxenye yesisombululo kumele kube wukugququzela

ukuthi umndeni ngamunye uzibandakanye kwezolimo ezingeni lokuzondla. Kusakela ngonyaka ka 2017, isiFundazwe sethu sakwazi ukuthi sigququzele imindeni ebalelwa ku 20% ukuba izibandakanye kwezolimo. Isibalo zikaZwelonke semindeni ezibandakanya kwezolimo ezingeni lokuzondla saba ngu 15.6%.

Ukuqinisekisa ukuthi kunokudla okwenele kuzohlala kungumsebenzi oseqhulwini emNyangweni ikakhulukazi ngoba indlala ishaya kuzwele ezingeni lemindeni. Ngonyaka ka 2017, isiFundazwe saKwaZulu Natali sabika ukuthi imindeni engu 18.6% yayingenakho ukudla. Lesi sibalo sasingaphezulu kwaleso sikaZwelonke esasingu 15.8%. UmNyango uzonyusa inani kanye nezinga lwezinhlelo zokuqinisekisa ukudla okwenele ngenhloso yokhulula abantu ababhajwe emaketangeni obubha nendlala.

Uhlelo lokuqinisekisa ukudla okwenele lomNyango luzogxila kakhulukazi ezivandeni zomphakathi nezisemagcekeni ngokuhlinzeka izinsizakulima ezifana noringo lokubiya, umanyolo, amathuluzi kanye nezeluleko zezolimo. Imali engu R11 million seyibekelwe ukufezekisa lezi zidingo kulo nyaka wezimali. Lemali izosiza imindeni elinganiselwa ku 17 968 ukuba iqalise ukuzikhiqizela ukudla kwayo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi kunokudla okwenele.



UmNyango unezikhungo ezisezingeni eliphakeme zokukhiqiza amakhowe eziseCedara, KwaDindi nase Dukuduku. Lezi zikhungo zizokhiqiza izithombo zamakhowe ezingu 145 000 ezisatshalaliswa isiFundazwe sonke ukuze kusungulwe izivande zamakhowe. Lawa makhowe angama-oyster anomsozo omningi wama-protein kanti ngawo impi yokungondleki ngenxa yokweswela umsoco inganqotshwa emphakathini ehlwempu.



## UHLELO LWENKATHI YOKUTSHALA

Somlomo, ingxenye yengqinamba enkulu ebhekene nemiphakathi yasemakhaya ehlwempu mayelana nokuphucula isimo sayo senhlalo nesomnotho, idalwa ukungabi nezinsizakulima ezanele. Lokhu sekuholele umNyango ukuba usungule uhlelo lokuhlinzekwa kwemishini yokulima kanye nohlelo lwenkathi yokutshala. Kulezi zinhlelo, umNyango uzongenisa kakhulu ngohlelo lwemishini yokulima ukuze wesekele imiphakathi ehlwempu ngenhloso yokuxosha ububha, ugqugquzele ukukhiqizwa kokudla okwenele kanye nasekwakheni imiphakathi elimayo enamathuba yokuzibandakanya ekwakhiweni komnotho wesiFundazwe.

Ezinye zezinhlelo zihlanganisa ukusungulwa kwezinhlangano zabalimi abalimela ukuzondla nabazodlala indima yokwesekele ngokuhlinzeka ngemikhiqizo kubalimi abasafufusa abasaqala ukungena ezimakethe baphinde kube yibo abazokhiqiza baphinde bahlinzeke ngomanyolo kubalimi abasebasha ekuhwebeni. UmNyango sewukhethe imihlaba ehlukene esiFundazweni elungele ukuba kungatshalwa kuyo ukudla ngenhloso yokwandisa umthamo wokudlaukuze kuxoshwe ububha nokungathuthuki ezindaweni zasemakhaya.



UmNyango uzohlinzeka ngogandaganda bawo noma uqashe osonkontileka ukuze kulinywe, kulethwe izimbewu, omanyolo nemithi kubantu abahlwempu nabalimi abasafufusa emiphakathini yaseMakhaya. Ukuhlinzekwa kwezinsizakusebenza kuzoncika esimeni somhlaba kanye nesimo sezulu ngenhloso yokusungula amabhizinisi azokwazi ukuzimela. UmNyango uzophinde uhlinzeke usizo lwabeluleki bezolimo nemfuyo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi lezi zinhlelo zemisebenzi ziba yimpumelelo.

Imali engu R150 million ibekelwe ukuba isebenze ohlwelweni lokutshala ngezikhathi zonke zonyaka kulo nyaka wezimali. Le mali izosetshenziselwa amahektha angaphezulu kuka 162 ommbila nobhontshisi okungukudla okudliwa kakhulu emiphakathini yaseMakhaya.





## UHLELO LOKUHLINZEKWA KWEMISHINI YOKULIMA

Malungu ahloniphekile, uNdunankulu ethula iNkulumo yesiFundazwe wamemezela ukuthi kunesidingo sokuthi UmNyango ubuyekeze uhlelo lwawo lokuhlinzeka imishini yokulima. Nginentokozo yokumemezela ukuthi ingqubomgomo entsha yokuhlinzekwa kwemishini yokulima izoqaliswa ukusebenza ngenhloso yokuhlinzeka usizo oluphelele kubalimi ngendlela elinganayo.

Uhlaka olubuyekezwe kabusha luzogxila ekuthengweni kogandaganda bakahulumeni ngenhloso yokuhlinzeka usizo kubalimi abampofu.

Lolu hlelo luzohambisana nohlelo oluphusile lokubagcina besesimeni sokusebenza. Loluhlelo luzoba nengxenywe yokuthuthukiswa kwamabhizinisi asafufusa ngokuthi lwelekelele amabhizinisi asaqala ukuzimela ngokuwahlinzeka ngosizo logandaganda bahlumeni lapho edinga khona. Ngaphezu kwalokhu, loluhlelo luzoqalisa uhlelo oluzosiza abalimi abalima ngabodwana noma amabhizinisi abo ukuba athole uxhaso lokuthenga imishini yokulima.

## UKUKHIQIZWA KWEMBEWU



UHulumeni uzibophezele ekuguquleni loluphiko lomkhakha ngokuthi uthuthukise amakhono adingeka kuyo yonke imboni yezolimo. Kulokhu-ke, isiGungu esiPhakeme sesilayele ukuba umNyango uthuthukise amakhono okukhiqiza izithombo kanye nembewu ngokubambisana nezikhungo namakolishi afanele.

UHulumeni udinga ukuba wenyuse inani nezinga lamaqhinga amasha asebenzayo ngenhloso yokwenyusa imali engenayo, amakhono ezisebenzi nokunye ukuze ukwazi ukufezekisa izidingo zawo zentuthuko. Yingakho kubalulekile ukuba sithuthukise amakhono ethu okukhiqiza izimbewu ukuze silufezekise uguquko kwezomnotho.

Ososayensi bethu bezolimo bamatasatasa basungula uhlelo lokukhiqizwa kwembewu oluzogxila kulezi zinsika ezimbili; imbewu yemifino kanye nezithelo kanye nembewu yokudla okusahlamvana okufana nommbila, ubhontshisi, soya, amakinati namazambane. Uma seluqaliswa loluhlelo luzogxila ekuthuthukisweni kwamakhono abantu abasha. Ekugcineni sifuna loluhlelo lukhiqize abalimi abayintsha abamnyama ukuze bangene kulemakethe eqhoqhobelwe yizikhondlakhondla ezimbala.



## **UKUQALISWA KOHLELO LWE-RASET**

Malungu ahloniphekile, ukwemukelwa kweRadical Agrarian Socio-Economic Transformation ngenhloso yokubhekana nggonezithiyoezivimbaabalimiabamnyama ukubabangene emikhakheni ehlukeneyezolimo kwaba ngumhlomulo onohlonzewohulumeni wesihlanu ophothule isikhathi sawo.

I-RASET yasungulwa ngenhloso yokuthi ilethe uguquko olukhulu emnothweni obuhlelwe ukuba uqinisekise ukuthi uhlomulisa abambalwa futhi kube yibo abadlala indima enkulu emnothweni.

Yize lolu hlelo lusaqaliswe eziFundeni ezinhlanu, okubalwa i-Harry Gwala, eThekwini, Ilembe, King Cetshwayo kanye noMkhanyakude, ngenhloso yokuzwa amanzi ngobhoko, sesikutholile ukuthi isidingo semikhiqizo esidingwa yilolu hlelo sikhulu kakhulu kunanandla abalimi okukhiqiza.

Emizamweni yokugculisa lesi sidingo, UmNyango usuzophothula uhlelo lokusungula uphinde uguqule ezinye zezikhungo zawo ezinkulu zocwaningo ezikukhulisa izithombo zemifino kanye nezihlahla zezithelo. Kulezi zikhungo zocwaningo kubalwa iCedara, Dundee, OSCA, Makhathini kanye neKokstad. Lezi zikhungo zikwazi ukukhiqiza izithombo zemifino ezinganela amahektha angaphezulu kuka 1500. Leli nani lingaphezulu kwalelo elikhiqizwa yizinhlelo zokudla okwamanje.

Lolu hlelo luhlose ukuphucula inani lomthamo wokudla ngokunciphisa ububha nendlala liphinde ligculise izidingo nezinhloso ze-RASET zokwenyusa inani labantu abamnyama ababamba iqhaza kulomkhakha obukade ubavalele ngaphandle. Loluhlelo luzophinde luhlinzeke intsha ngamathuba okuzuza amakhono okukhulisa izithombo nokuzoyivulela amasango okungena nakweminye imikhakha kulemboni.

Nginentokozo yokumemezela ukuthi ukuze senyuse ukwesekelwa kohlelo lwe-RASET, UmNyango uzohlinzeka ngezisebenzi ezinamakhono afanele oPhikweni lokuPhatha loMsebenzi oluzinze emNyangweni wokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo. Uzophinde ubenezisebenzi zawo ezivela kwiziFunda ezizoba sebenzisana namaDevelopment Agencies amahlanu.

Lokhu kuzodala ukuthi kungabi bikho ukungqubuzana ekuhlени izinhlelo phakathi kwethu nesisebenzisana nabo uthi siqinisekeise impumelelo. Njengoba uMongameli amemezela, sifuna ukuqeda ububha eminyakeni eyishumi ezayo yingakho-ke siqume ukuhloma sibuhlasele ububha esiFundazweni saKwaZulu Natali. PHANSI NGENDLALA, PHANSI!!!!

## **IMINYANGO YEZIMAKETHE**

UmNyango uzoqalisa ubudlelwane ne South African Bureau of Standards (SABS) ikakhulukazi uphiko lwayo oluqondene neqophelo lemikhiqizo emukelekile ezimakethe. Asizukugxila emikhiqizweni yezolimo eya ezimakethe zangaphakathi kwezwe kuphela kepha sifuna ukuguduza yonke imigudu nemikhakha ezosivulela indlela yemikhiqizo ukuba ithunyelwe kwamanye amazwe.

Kulokhu-ke, sizocalisa ubudlelwane nomNyango wezoLimo kaZwelonke ikakhulukazi uphiko lwawo olulawula ukuthunyelwa ngaphandle kwemikhiqizo ebekelwe isikhathi (Perishable Product Export Control Board) ukuze siqinisekise ukuthi silandela yonke imigomo namaqophelo okumele agcinwe ukuze imikhiqizo yabalimi bethu ibe ngekulungele ukuthunyelwa ngaphandle.

Lobu budlelwane bulindeleke ukuba buhlinzeke uqeqesho nokuthuthukiswa kwabalimi nabeluleki bomNyango. Izingqinamba ezithiya ukungena kwabalimi bethu ezimakethe zidalwa ukungabi nomkhiqizo owanele oya ezimakethe kanye nomkhiqizo oneqophelo eliphansi.

Ngalobu budlelwane, sizocinisekisa ukuthi abalimi bayacathuliswa baqeqeshwe kuleyomikhakha. Sinxusa labo abakulezi zimboni ukuba basilekelele ngokuvula iminyango ukuze abalimi abamnyama bangene kulesi siFundazwe. Simema abazimele kulemikhakha ukuba babambisane nomNyango ekusunguleni izimakethe ezingabandlululi, eziphilayo kanye nomkhakha wezoLimo osimamayo.

## **UKUVUSELELWA KWAMAPULAZI ABUYISELWE KUBANTU**

Sihlalo ohloniphekile, umNyango usazibophezele ekugquleni lomkhakha ube ngosimamayo kanye nasekuhlonyisweni ngamakhono kubakhiqizi ekade benganikwa amathuba. Impumelelo yoguquko kwezolimo uNdunankulu akayinxusa layo, kumele idale amabhizinisi abantuabamnyamaasimamayo. UNdunankulu enkulumweni yakhe yesiFundazwe waveza ukuthi uMphathiswa womNyango wezoLimo uzokwenza isimemezelo mayelana nokubuyekizwa kohlelo lwemihlaba ngenhloso yokuthola ukuthi yikuphi okumele kwenziwe ukuze kuvuselele lemihlaba.

Nginentokozo ukumemezela ukuthi umsebenzi sewuqalile kanti lomsebenzi uzophuma nohlelo oluchaza ukuthi kubiza malini ukuvuselela. Njengoba sakha icebo elisha lokubuyisela lawa mapulazi esimeni sokuthi akhiqize futhi ngokugcwele, sinxusa izinhlobo esisebenzisana nazo kanye nemboni yonke ukuba yesekele uhulumeni emizamweni yakhe yokuqhamuka nezisombululo kwizingqinamba ezaholela ukuba agcine ewile lamapulazi. Sikhuluma-nje angaphezu kuka 1000 amapulazi asehloliwe kanti umbiko kulindeleke ukuba uphothulwe bese uyethulwa khona maduze.

## **UKUSUNGULWA KODUKATHOLE BAMASIMU AMAKINATI**

Isikhungo sokukhiqiza izithombo ze-macademia sesakhiwe eMakhathini Research Station kanti uPhiko loCwaningo lweMikhiqizo yezoLimo luzohlinzeka ngezululeko zemigomo ebalulekile ekusungulweni kwezikhungo zokukhulisa izithombo.



## **UKUSETSHEZWA KOHLELO LWEZIZINDA ZOLIMO AMA-AGRI-PARKS**

Selokhu kwasungulwa uhlelo lwezizinda ezididiyele zezolimo ama-Agri-Parks, uMnyango ubulokhu usebenza ngokubambisana nezinye izinhlaka zikaHulumeni kazwelonke ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo luba yimpumelelo.

Uhlelo lwama-Agri-Parks luwuhlelo olubandakanya imixhantela eminingi okubalwa kuyo Imikhiqizo yezoLimo, ukuyenza ilungele ukudayiswa, ukuyithutha, ukuyikhangisa, ezoqeqesho nokwaluleka, konke okugxile ezingeni leziFunda.

Luhlanganisa ukudidiyelwa kwezinto eziningi eziphathelene nolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kanti lwakhiwe iminxa emithathu eyahlukeneyo: Uphiko loKwesekwa Kwabalimi i-Farmer Production Support Unit (FPSU), uphiko lweZizinda Zezolimo ama-Agri-Hub (AH) noPhiko oluxhumanisa izimakethe zasemakhaya nasemadolobheni i-Rural Urban Market Centre.

UMnyango ususebenze kanzima njengalokhu kumanje usukwazile ukwakha izizinda eziyishumi, zesigaba sokuqala, ezizolekelela abalimi ngaphansi kophiko lwe-FPSU. Lezi zinhlelo zama-Agri-Park yilezi ezilandelayo: KwaManana, KwaHlathikhulu, Tugela Ferry irrigation, Bens Dorp Red Meat, Bululwane irrigation, ST Paul, Indumo B, Horse Shoe, Insuze neJikijela FPSU. Ngokubambisana noMnyango kazwelonke wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya nokuBuyiswa kweMihlaba kulo nyaka wezimali sizoqhubeka nesigaba sesibili sokwakha manje izizinda zomkhiqizo ama-Agri-Hub.



## **UHLELO LOKUNAKEKELWA KOMHLABA**

Malunga Ahloniphekile, uMnyango uyaqhubeka nokuzibophezela ekusetshenzisweni komhlaba ngendlela enenqubekela phambili nokuphathwa kwemithombo yemvelo. UMnyango usingethe uhlelo lokunakekelwa kwemvelo ngaphansi kophiko lwawo olubhekele ukunakekelwa nokuphathwa kwemithombo yemvelo olubizwa ngokuthi yi-Land Care Programme.

Lolu hlelo luzinze emiphakathini kanti lujonge ukuba luphucule imikhiqizo evela emhlabathini futhi luqinisekise ukuthi ukusetshenziswa kwemithombo yemvelo akuwukhubazi umhlaba kanti lokhu uMnyango ukwenza ngokuthuthukisa ingqalasizinda, ukusungula amathuba emisebenzi, okubandakanye nokuhlomulisa imiphakathi ngezindlela ezehlukene nokuyilekelela lapho idinga khona usizo. Inhlalo enkulu yalolu hlelo ukunqanda ukuwohloka komhlaba oqukethe imithombo yemvelo ngokugqugquzela ukuthi imiphakathi ibambe iqhaza ekusetshenzisweni komhlaba ngendlela enenqubekela phambili nokuwuqeqesha ngendlela yokuwuphatha ukuze sibhekane nokunokubezwa komhlaba nemithombo yemvelo esiFundazweni.

Kulo nyaka esikuwo, uhlelo lwe-Land Care luzobandakanya ukukhendlwa kukasandanezwe emadlelweni ezinkomo, ukusishulwa kwezimila ezimbi emasimini, ukuhlunyelelwa kwezindawo eziyizindonga nokubiyelwa kwamadlelo. Lokhu kuzosiza kakhulu nasohlelweni lokuthuthukisa ezemfuyo oluqhutshwa nguMnyango.

Udedangendlale womhlaba wokulima ongamahektha angu-8 800 uzohlunyelelwa ungakapheli lo nyaka kanti kuzofakwa uthango lokubiya olungamakhilomitha angu-71. Ngenxa yalokhu, kuzosunguleka amathuba emisebenzi angu-1 100. Ohlelweni lwe-Junior Land Care, olusekhwapheeni lwalolu lwe-Land Care olusezingeni lomphakathi, uMnyango uzobamba izithangami zokuqwashisa izikole eziyishumi nanye, imincintiswano eyishumi nanye eziFundeni eziyishumi nanye, bese wenza umncintiswano wesiFundazwe neminye imicimbi yomphakathi eyisikhombisa. Yonke le misebenzi kuhloswe ngayo ukugqugquzela abasha nabadala ekunakekelweni kwemvelo. Uphiko olubhekele ukongiwa kwezolimo olubizwa ngokuthi yi-Conservation Agriculture lona-ke luzohlela imicimbi yomphakathi eyisithupha eziFundeni ezehlukene.

## **INTSHA, ABESIFAZANE NABANTU ABAPHILA NOKUKHUBAZEKA**

Malunga Ahloniphekile, siyaqhubeka nokuzibophezela ekubandakanyeni labo ababuthakathaka emkhakheni wethu. Esikhathini esifushane nje sizosungula izinhlelo eziqondene ngqo nokuthuthukiswa kwabesifazane, intsha nabakhubazekile ekuthuthukisweni kwezolimo. Yinto eyaziwayo ukuthi abantu besifazane bebelokhu beshaywe indiva ekubambeni iqhaza entuthukweni yezomnotho, ikakhulukazi kwezemfuyo.

Kuleli qophelo, uMnyango uzoqhubeka nokuzibandakanya emncintiswaneni osemqoka kakhulu obizwa ngokuthi yi-Female Entrepreneurs of the Year. Lo mncintiswano uvulela amathuba abesifazane abasemkhakheni wezolimo futhi uyabaklomelisa ngeqhaza abalibambe ekukhiqizweni kokudla, ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi, ukuthuthukiswa komnotho nokulwa nobuphofu.

Lezi zigaba ezilandelayo zalo mncintiswano yizona ezibhekwe ngelibanzi: Best Female Farmworker; Best Subsistence Producer; Top Entrepreneur Smallholder; Top Entrepreneur Processing; Top Entrepreneur Commercial Producer; ne-Top Entrepreneur Export Markets. Kulokhu, umcimbi wesiFundazwe uhlelwe ukuba wenzeke ngenyanga ka-Agasti bese kuthi abanqobile bayodlana imilala emcimbini kazwelonke oyoba ngo-Agasti 29 kuwo lo nyaka.

## **UHLELO LWEZIFUNDISWA EZINGASEBENZI**

Malunga Ahloniphekile, akekho ongaphika ukuthi njengenxenywe yokuphuculwa kwalo mkhakha, kumele silungiselele intsha ukuba izintambo zithathwe yiyo njengalokhu abalimi abakulo mkhakha beya ngokuya beguga.

Lokhu kuyimbangela enkulu yokuthi uMnyango usungule uhlelo lokuthuthukiswa kwabantu abaneziqu zemfundo eziqondene nezolimo kodwa abangakawutholi umsebenzi ukuze bathole ithuba lokungena emkhakheni wezolimo bakwazi ukusebenza okwesikhashana khona bezothola amava azobalungiselela ukuthi baqasheke.

Esikhathini esizayo uMnyango uyobe usukwazile ukuphonononga iqembu elikhulu lentsha ezoba ngabakhiqizi bezolimo nosomabhezini kulo mkhakha. Yize inqubekela phambili isiyenziwe njengalokhu intsha engu-120 isifakiwe ezikhungweni zemisebenzi, uMnyango uzophinde utshale intsha engu-85 eneziqu ezikhungweni



zemisebenzi kulo nyaka wezimali lokho okuzokwenza isibalo sabo bonke sifinyelele ku-205 esikhathini esiyiminyaka emibili. Abalimi abazimele abangu-77 babambe iqhaza kulolu hlelo.

UMnyango uzophinde ubuyekeze indlela yawo yokulekelela ngezimali imisebenzi yokuthuthukiswa kwezolimo ukuze ibabhekele kangcono labo abasesigabeni sababuthakathaka.

Lokhu kuzokwandulelwa wuchungechunge lwemihlangano nezinhlelo ezibhekele laba ukuze zifake isandla ekuhlelweni kabusha kokutshalwa kwezimali emNyangweni ngenjongo yokuthi nabo babe nabakuphawulayo ngendlela abangathuthukiswa ngayo njengoba kusetshenzwa kubhekwe phambili ekukhululweni kwabo kulo mkhakha.



## UHLELO LWEZEMFUYO


Malunga Ahloniphekile isiFundazwe saKwaZulu-Natali sinemithombo yemvelo emihle kakhulu futhi evuna imisebenzi yezemfuyo engaba nempumelelo enkulu ekukhiqizweni kwemfuyo. Ngokwesibonelo, indawo engu-80% yesiFundazwe ukulungele ukumumatha imikhiqizo yezemfuyo, bese kuthi u-18% wendawo ibe yisigqala. Ngokombiko okhishwe ngababhekele ukunakekelwa kwezemfuyo esifundazweni i-Provincial Veterinary Services amadiphu omphakathi asetshenziswa yizinkomo ezilinganiselwa ezigidini ezingu-2.1 abanikazi bazo okungabafuyi abamnyama bomphakathi.

Lesi sibalo sisho ukuthi kuningi kakhulu okungazuzwa ngabalimi abampisholo emiphakathini yakithi njengalokhu izinkomo ezingu-2.1 million ezingaphansi kwabo zakha isibalo esingu-60% wazo zonke izinkomo ezikulesi siFundazwe bese kuthi u-40% wezinkomo ube ngaphansi kwabafuyi abazimele. Yize kunjalo, abantu abaningi abesemiphakathini yakithi abafuye lezi zinkomo akukho okutheni abakuzuzayo kwezomnotho ngalo msebenzi.

Kunezinkomba eziqinile zokuthi uma imfuyo esezandleni zabalimi basemiphakathini yakithi ingadidiyelwa ezimakethe zenyama eziseqophelweni eliphezulu lokhu kungawuthuthukisa ngamandla umnotho wasezindaweni zasemakhaya.

Somlomo ohloniphekileyo, ngikholelwa ngokuqinileyo ekwakheni esisekelweni salokho esengivele nginakho nesengikwazi, imfuyo esezandleni zabantu bakithi ifana nesithelo esiseduze esingabambeka kalula ngakho-ke kumele ifakelwe izibuko. Kungalesi sizathu ngithathe isinqumo sokuthi kubuyekwezwe iQhinga lezeMfuyo ukuze kudedelwe intuthuko yasemakhaya, futhi kwakhiwe ingcebo evela isezandleni zabafuyi bakithi ikakhulukazi abasezindaweni zomphakathi.

Ekujuleni kwaleli qhinga elizobuyekwezwa ukubuyisa amaKomidi amaDiphu, ukusondezwa Kwababuyiselwa Umhlaba nama-Trustees. Bazogqugquzelwa ukuba basungule kabusha Amakomidi Ezemfuyo Endawo neziNhlangothi zaBafuyi zeziFunda.





**Ukwesekwa kwalama Komidi neziNhlangothi zeMfuyo kuzobandakanya, phakathi kwezinye izinto:**

a) UHlelo loKunakekelwa kweMfuyo njengokuDibhisa, Ukulwa neZikelemu nokuGoma, kuHlanganisa Nokushaywa Uphawu nezinye izinto eziphathene nokuvikela ukwebiwa kwemfuyo njengokuzigxizwa ngophawu nokuqopha uphawu emfuyweni encane.

b) UKuphathwa kwamadlelo nokuthuthukiswa kokudla kwemfuyo ngokubiyelwa kwamadlelo, nokutshwalwa kwamadlelo lapho kunesidingo, ukwethulwa kwemikhumbiso eyakha amandla nomsoco nokokukhothisa, nokumbiwa kwamadamu okuphuza imfuyo.

c) UKuzalaniswa kweMfuyo nokukhethwa kwezinkomo zohlobo, izimbuzi nezimvu ukuze kuthuthukiswe iNzalo yeziNkunzi neziMpongo nokuphucula indlela okukhangiswa ngayo imfuyo.

d) EzokuKhangisa nokuGuqulwa kweMikhiqizo kuHlanganisa nokuhlelwa kwendali yeNkathi yoNyaka noma ngenyanga ebandakanya iziNhlamngano zabaFuyi ezingeni leziFunda nohulumeni beziNdawo, ukwakhiwa kweziBaya zokuGcina Imfuyo, izakhiwa zoKondliwa kweMfuyo ezincane zeziNhlangothi zabaFuyi, kanti ekugcineni,

e) Ucwaningo Olwenziwayo noluHambisana nesimo olubheka uhlobo lwemfuyo yeziZulu, ukulungiselelwa kwemfuyo ukuba imelane nezimo zokushitsha kwendawo ezifuywa kuyo kwezifunda, nokuzinziswa kolwazi lokwenza le misebenzi kubafuyi ukuze bakwazi ukuba nolwazi oluqhubekayo mayelana nemfuyo engumsinsi waKwaZulu.

Kulo nyaka wezimali esikuwo, phezulu eqhulwini sibeke izinto ezintathu ezisemqoka esifuna ukugxila kuzo esingaba kuzo ukukhiqizwa kwenyama ebomvu, imikhiqizo yenkukhu neyezingulube.

Sesiqalile ngemikhiqizo ebandakanya inkomo njengalokhu sigxile ekuhlinzekeni ngezinkunzi zokuzalanisa, ukubiyelwa kwamadlelo, amadamu okuphuza izinkomo, izindawo zokugcina imfuyo nezinye izinto ezisemqoka. Lokhu kphosa itshe esivivaneni kugxile koMasipala beziFunda abayisishiyagalombili kanti kuzotshalwa imali engu-R41.799 million kulo nyaka wezimali.

Mayelana nemikhiqizo ephathelene nezinkukhu sihlose ukwakha izakhiwo ezingu-14 (kubafuyi abazimele/ abaphakathi nendawo) zezinkukhu zamaqanda nezenyama. Zizoba nakho konke okudingekayo kuHlanganisa ukudla kwazo nemihlambi ukuze zizalane. Lokhu kuzosidla imali elinganiselwa ku-R18.188 million.

Sezizonke izifunda esizihlelele lokhu ziyishumi esiFundazweni sonkana. Okokugcina, imisebenzi yokufuywa kwezingulube engu-13 yekelelwa ngesamba semali engu-R21.862 million kanti ibhekene nezifunda eziyisikhombisa. Ukungenelela kwethu kuzohlanganisa nokwakhiwa kwamahhoko ezingulube, ukuthengwa kwezingulube zokuzalanisa nokulungisa amahhoko nokuthenga kokudla kwazo.



## **EZOKWELAPHA – UKWELASHWA KWEZILWANE**

Malunga Ahloniphekileyo, sizosebenzisa ithimba lethu lodokotela abangongoti ekwelashweni kwezilwane, osomaqhinga bokwelashwa kwezilwane nezikhungo zocwaningo ezingaphansi koMnyango eziseqophelweni eliphezulu ukuze sihlelele futhi sihlinzeke ngezinsiza zoKulawulwa kokuBhebhetheka Kwezifo Zemfuyo ukuze sivikele imfuyo ezifweni ezithathelwanayo nezifo ezivamile.

Uphiko Olubhekele Ukwelashwa kweZilwane olungaphansi koMnyango luhlinzeka ngosizo lokuqala emfuyweni yomphakathi ngokubambisana nabafuyi abasemadiphini angu-2053 asebenzayo kuso sonke isiFundazwe. Lolusizo luzothinta imihlambi yezinkomo engu-2.1 million kuwo wonke amadiphi ezinkomo asebenza njalo ngesonto ukulwa namakhizane aphinde abhekele nokugoma imfuyo. UMnyango uzosebenzisa isamba semali engu-R30 million ukuthenga amakhemikhali okubulala amakhizane nokuthenga imithi yokugoma.

Sizophinde sigome imfuyo esifweni esibulalayo esibizwa ngokuthi i-Anthrax noma uQimu, kanti sibheke ukuthi lomsebenzi siwenze ezinkomeni ezilinganiselwa ku-670 000 ukuze sivikele isifo singasabalali nesiFundazwe.

Kulo nyaka wezimali, umgomo esiwubekile ukuba kugonywe izinja namakati okubalelwa ku-345 000 ukuzivikela esifweni samarabi.

Lokhu kuzokwenziwa ukuze kuvikelwa abantu bakithi ukuthi bangatheleleki ngalesi sifo esibulalayo kuso sonke isiFundazwe. uMnyango usubeke eceleni imali engu-R2.5 million ukuze kubhekwane nazo zonke izinhlelo eziphathelele nalokhu. Lokhu kuhlenganisa imitholampilo eyisihlanu egxunyekiwe (Owen Sithole College, Umthwalume, Ulundi, Haru Gwala nasehhovisi lase-Pieters) ukuze kuhlinzekwe ngemithi, imigomo nezinye izinsiza zasemtholampilo ezenza kusebenzeke. Eminye imisebenzi ehlinzekwa yimitholampilo ihlenganisa omahambanendlwane bemitholampilo nosizo lokuthenwa kwezinja nezinye izilwane.



## **UBAMBISWANO NEMBONI UKUPHUCULA NOKUTHUTHUKISA EZOLIMO KWAZULU-NATALI**

Njengengxenyeyokusetshenzwa kohlelo olubizwa ngokuthi yi-Provincial Growth and Development Plan uMnyango unesibopho sokwakha indlela yokusebenza ebizwa nge-Action Work Plan Group 1 eyethweshwe umsebenzi wokufezekisa izinhloso zokuPhuculwa nokuThuthukiswa kwezoLimo KwaZulu-Natali. Sizobuyekeza izinhlelo zethu mayelana nokuphathwa nendlela yokusebenza njengalokhu sizobe sifeza izinjongo ze-Action Work Group. NjengoMphathiswa owami umsebenzi kuzoba ukugxila ngqo ekubhekeni ukuthi uhlelo lwe-Action Work Group lusebenza ngendlela njengalokhu kumee lukapakele nasemisebenzini yokwaluleka yoMnyango kuhlenganisa nazo zonke izinhlaka zikaHulumeni ezithintekayo kulo mkhakha wethu. Ngakho-ke sinxusa zonke izinhlaka ezineqhaza ezilibambile ukuba zisabele ezingxoxweni ezizoba khona esijonge ngazo ukuthola izisombululo ezinselelweni ezisichaphazelayo njengemboni.





## **UBAMBISWANO NEMBONI UKUPHUCULA NOKUTHUTHUKISA EZOLIMO KWAZULU-NATALI**

Njengengxenye yokusetshenzwa kohlelo olubizwa ngokuthi yi-Provincial Growth and Development Plan uMnyango unesibopho sokwakha indlela yokusebenza ebizwa nge-Action Work Plan Group 1 eyethweshwe umsebenzi wokufezekisa izinhloso zokuPhuculwa nokuThuthukiswa kwezolimo KwaZulu-Natali. Sizobuyekeza izinhlelo zethu mayelana nokuphathwa nendlela yokusebenza njengalokhu sizobe sifeza izinjongo ze-Action Work Group.

NjengoMphathiswa owami umsebenzi kuzoba ukugxila ngqo ekubhekeni ukuthi uhlelo lwe-Action Work Group lusebenza ngendlela njengalokhu kumee lukapakele nasemisebenzini yokwaluleka yoMnyango kuhlenganisa nazo zonke izinhloso zikaHulumeni ezithintekayo kulo mkhakha wethu. Ngakho-ke sinxusa zonke izinhloso ezineqhaza ezilibambile ukuba zisabele ezingxoxweni ezizoba khona esijonge ngazo ukuthola izisombululo ezinselelweni ezisichaphazelayo njengemboni.

## **UGUQUKO LWEZIMBONI LWE SINE NOBUCHWEPHESHE BEZOLIMO**

Sihlalo Ohloniphekileyo, Uguquko lweziMboni lweSine seluphakathi kwethu. Kumanje, amazwe amaningi e-Yurophu nase-Asia asazishiya kudala izindlela ebezejwayelekile zokulima ethula izindlela ezintsha zolimo ezihambisana nobuchwepheshe ezibizwa ngokuthi yi-Smart Agriculture, lokhu okusho ukuthi manje umkhakha wethu wemukela ukusetshenziswa kwezobuchwepheshe.

Uguquko lweziMboni lweSine seluqalile ukubonakala ngakho-ke okwethu ukuqinisekisa ukuthi nathi sizibandakanya nakho ngokukhulu ukushesha. Sigqolozelwe inselele yokudoba intsha ukuba izibandakanye namabhizinisi ezolimo asingethwe ngokusetshenziswa kwezindlela zobuchwepheshe obusezingeni eliphezulu kakhulu. NjengoMnyango ngokubambisana noMnyango kazwelonke sifuna ukuhola embhidlangweni wokuheha intsha nokuyixhasa ngezimali ukuze ibambe iqhaza kuyo yonke imigudu yomkhinqizo ehambisana nokusetshenziswa kobuchwepheshe bezolimo i-Smart Agriculture. Yize kunjalo, kubalulekile ukuba yonke intuhtuko yezobuchwepheshe siyenze ihambelane nezindawo esiphila kuzo futhi ikwazi ukuvumelana nemikhuba yokulima ngendlela yesintu.



## **UKUQINISWA KWEZINHLAKA ZIKAHULUMENI - UKUTHUTHUKISWA KWAMAKHONO**

UMnyango uzokwenza ukuba kube khona ukulingana emizamweni yawo yokuvala igebe lokungalingani nokubhekana nokuntuleka kwemisebenzi entsheni. Uhlelo lokucathuliswa kwentsha kwezolimo luzosetshenzwa enyakeni wezimali ka-2019/2020. Lokhu kubandakanya nokuqashwa kwabasebenzi ezikhaleni ezivulekile futhi ezinesabelozimali ngenjongo yokuphosa itshe esivivaneni ekusungulweni kwamathuba emisebenzi nokuqinisa izinhloso ezibhekene nokulethwa kwezidingo zemiphakathi. Ukubhekana nesimo sokushoda kwamakhono, uMnyango uzosebenza uhlelo lokuthuthukiswa koNjiniyela bezoLimo ngokuphuthumisa ukubhaliswa kosomaqhinga bezobunjiniyela ohlwini lwawo.

Njengamanje uMnyango unabantu abayisithupha asebehlonziwe abazohlomula kulolu hlelo. Ngaphezulu kwalokho, uMnyango uzoqala ukusebenza uhlelo lokuthuthukiswa kwabasebenzi abanamakhono i-Artisan Development Programme, lapho kuzoqeqeshwa khona omakhenikha bogandaganda abangamashumi amabili kulo nyaka wezimali. Lokhu kuhloswe ngakho ukunika amandla izikhungo zoMnyango eziqondene nokukhenikha ogandaganda njengalokhu besemqoka ohlelweni lokuhlinzekwa kwabo emiphakathini ngaphansi kohlelo olubizwa nge-Mechanisation Programme.

Sengiphinde futhi ngagunyaza ukuba kwenziwe uphenyo mayelana namakhono abasebenzi nezemfundo ukuze kuphawulwe izindawo ezixegayo ngokwamakhono bese kudidiyelwa abasebenzi ngokwamakhono abawafundele ukuze kuvalwe igebe lapho livuleke khona. Imininingwane ezotholakala kulolu phenyo izosiza ukuba isikhombise lapho kunabasebenzi abatshalwe ezindaweni ezingabafanele. Yonke le mizamo ijonge ukulekelela uHulumeni ukuthi uqinise lapho kuxega khona ukuze ukwazi ukubhekana nomsebenzi wawo oyisisekelo wokuhambisa intuthuko emiphakathini.

## **UHLELO LWEZOKWALULEKA**

Okunye okuhlonzwe njengemithelela yokufadalala kwemisebenzi esungulwe nguMnyango namabhizinisi asafufusa ezolimo kube ukuntuleka koqeqesho nokulekelwa kwabalimi. UMnyango uzokwethula iqhinga eliqondene nokuxazulula lesi simo lapho uzohlinzeka ngabeluleki kubalimi futhi ubatholele ezokweluleka ezinokwethenjela ukuqinisekisa ukuthi amabhizinisi bao ezolimo neminye imisebenzi ephathelene nolimo iyakwazi ukuma isikhathi eside ngaphandle kokufadalala. UMnyango uzokwenza kube yimpoqo ukuthi yonke imisebenzi esezingeni elithile ethole uxhaso kuwo itholelwe abeluleki abazoba sekhaleni lokusetshenzwa kwayo. Kulo nyaka wezimali, imisebenzi engu-51 izohlinzelwa ngalolu hlelo lezokweluleka eminxeni eyehlukene ekuphathweni kwamapulazi namabhizinisi ezolimo.

## **UXHASO LWEZIMALI KWEZOLIMO**

Siqaphela iqhaza elibalulekile elibanjwe yizinhlaka ezihlinzeka ngosizo lwezezimali ekuthuthukiseni nasekukhuliseni lo mkhakha wethu, kuyiqiniso ukuthi uHulumeni kumele uqhubeke nezingxoxo okuhloswe ngazo ukwandisa umthamo wezezimali kuHulumeni ngenjongo yokutakula ababencishwe amathuba emiphakathini yakithi. UMnyango uyakuqaphela ukuthi ukubhekana nezidingo zalabo ababuyiselwe umhlaba kuzokwenza ukuthi iphakathe likaHulumeni libhoboke ngakho uyasibona isidingo sokuba uyobheka nasengxenywe ukuze uHulumeni ukwazi ukubhekana nalezi zidingo.

UMnyango uzoba nezingxoxo eziqhubekayo nezinhlaka ezizimele ezihlinzeka ngosizo lwezezimali kwezolimo ukuze ukwazi ukubhalansisa lokho onakho esikhwameni nomsebenzi wokuthuthukisa nokuphucula imboni yezolimo. Kuleli qophelo sizokwakha ubudlelwano, okokuqala, nezinhlaka ezingaphakathi kuHulumeni ezihlinzeka ngosizo lwezezimali (DFI's) ukuze sibeke intsha eneziqu ezingeni lokusebenza ngokuzimela. Lezi zinhlaka zibandakanya Ithala, National Empowerment Fund, Growth Fund, Land Bank ukukha nje phezulu.

## **IQHINGA LOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA**

Njengalokhu kunezinguquko eMnyangweni wezoLimo, ukuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya nokuBuyiswa koMhlaba noMnyango wethu uphezu kwamalungiselelo okuzihlela kabusha ukuze uhambisane nalezi zinguquko. Ukuze siqinisekise ukuthi intuthuko yezindawo zasemakhaya iba nenqubekela phambili kuzokwethulwa uhlaka lwamasu

olubizwa ngokuthi yi-Rural Socio-economic Strategy kulo nyaka wezimali ngokuba kwenziwe izithangami zokubonisana nezinhlaka ezithinteka emkhakheni wethu wezolimo kubandakanya nemiNyango kaHulumeni, oMasipala beziFunda nabeNdawo. Leli su lizokwenza ukuba kube lula ukudidiyela, ukuhlanganisa nokusebenza zonke izinhlelo zoMnyango kusukela kuzwelonke, ezingeni lesiFundazwe nakohulumeni basekhaya ngaleyo ndlela kwakheke umnotho oqinile wasezindaweni zasemakhaya.

Mayelana nalokhu sizobamba ingqungquthela ezonkankanya amasu alolu hla lwe-Rural Socio-economic nalapho sizomema zonke izinhlangano ukuze kubonise ngenqubekela phambili. Wonke lo msebenzi sizowusebenzisa ukwenekela obala zonke izinhlaka ezithintekayo ngombono wethu ogxile ekuqinisekiseni impilo engcono nokuvulwa kwamathuba okuthuthukiswa komnotho kubahlali basezindaweni zasemakhaya nokwakha intuthuko ehlala njalo.

## **IZINKAMPANI ZIKAHULUMENI**

UMnyango unamasheya ezinkampanini ezintathu ezingaphansi kukaHulumeni okuwu-Mjindi, Agri-Development Agency (ADA) neNtingwe Estate (62% UMnyango, 38% Ithala). Ngaphansi kwesiqondiso esivela esiGungwini soNgqongqoshe, uMnyango usuziqalile izinhlelo zokubumba lezi zinkampani zibe yinkampani eyodwa. Ukuhlanganiswa kwezinkampani ezehlukene kuchaphazela ukusebenza futhi kudala netwetwe kubasebenzi. Yingakho- ke sizibophezele ukuthi sisheshe siluphuthule lolu hlelo. Sikholwa ukuthi kuyothi kushaya uDisemba 2019 siyobe sesiqede konke ngokuhlanganiswa kwalezi zinkampani.

## **MJINDI FARMING (PTY) LTD**

Umsebenzi woMjindi Farming ukuhlinzeka ngenkasa, ukunakekela ingqalasizinda nokubhekelela ngosizo lwezabeluleki bezolimo eMakhathini Irrigation Scheme. UMjindi Farming uyaqhubeka nokusiza abalimi baseMakhathini ngamanzi aphuma kwinkasa njengalokhu imali ekhokhela izindleko zamanzi iphansi naleyo eyejwayelekile ekhokhelwa ukuhlinzekwa kwezidingo-nqangi embonini yezolimo.

Imali okuxhaswa ngayo abalimi ilinganiselwa ku-R3.7 million no-R4.5 million okuhloswe ngayo ukubalekelela ngaphansi kohlelo lokukhiqizwa kokudla okubizwa ngokuthi yi-Industrial and Food Crops. Isilinganiso somthamo womkhiqizo wezolimo enyakeni wezimali ka-2018/19 wawungamathani angu-92 571.3 kanti amathani angu-11 508.8 kwakungawezitshalo zokusahlamvu bese

kuthi amathani angu-81 062.5 kube wukudla kwemikhiqizo yezimboni. UMjindi uyaqhubeka unakekela futhi ulungisa ingqalasizinda esimdala nakuba isikhathi esiningi ihlala ngokuphazamiseka. Le nkampani iqinisekile ukuthi kusishulwa izimila ezindaweni ezinkanke imigudu yamanzi ebangeni elingamakhilomitha angu-159.6 lokhu kwenza kube lula ukuthi abahamba ngezimoto bangene kalula lapho kukhona amapayipi amanzi nalapho kuguduza khona imisele yamanzi okunisela.

Yize uMjindi uzoqhubeka nokunakekela ingqalasizinda nokuyilungisa, okuhlanganisa uthango, imisele yamanzi namapayipi, injini yesifutho samanzi, nokunakekelwa kwemigwaqo ehamba ngaphakathi emasimini uphinde uhlinzeke ngokweluleka kwezolimo mayelana nenkasa, kubalulekile ukukuphawula ukuthi uhlelo olusetshenziswa manje lokusebenza ukweseka abalimi lunezihibe ezithile eziqasheliwe ngakho nalo luzoba nezinguquko njengoba kuhlengahlengiswa lezi zinkampani.

Sesikuqaphelile ukuthi eminyakeni eminingi kusetshenzwa nabalimi, imali ebayikhiphayo ukuhlangabeza uHulumeni ihlale ngaso sonke isikhathi ingaphansi kwaleyo uHulumeni ayitshalayo ngenjongo yokubasiza ngamanzi, ugesi nokunakekelwa kwengqalasizinda futhi ukusebenza kwaleya ndawo kuhlale kusemahlombe kaHulumeni ngokuxhasa njalo ngezimali. Ngakho-ke amaqhinga esiza nawo manje azoqinisekisa ukuthi kuba khona uguquko oluzosiholetsa ekutheni abalimi bazimele futhi basebenze ngendlela ehlelekile kuwo wonke amabhizinisi aqhubeka eMakhathini Irrigation Scheme.

## **AGRIBUSINESS DEVELOPMENT AGENCY (ADA)**

Malunga Ahloniphekileyo, i-ADA iyaqhubeka nokusekela abalimi abamnyama abasemkhakheni ozimele ngoxhaso abaludingayo ukuze badlondlobale emabhizinisi ezolimo anhllobonhlolo. Kulo nyaka wezimali i-ADA izoqhubeka nokugxila ekusetshenzweni kwemisebenzi yezemfuyo ehlanganisa imisebenzi eyisithupha yokufuywa konogwaja.

Ngizizwa nginokuziqhenya ngokunibekela ukuthi yonke imisebenzi yokufuywa konogwaja iphethwe yintsha nabesifazane. Sesibeke eceleni isamba semali esingu-R20 million ukuze sikwazi ukuphatha yonke imisebenzi ephathelene nokufuywa konogwaja. Ngiyathanda futhi ukusho ukuthi imakethe yokudayisa lo mhiqizo isitholakele.

Isivumelwano sobambiswano sesisayindiwe neThala, kanti inhloso yalesi sivumelwano ukusiza abafuyi abafake izicelo zokwebolekwa imali futhi imisebezi emine isilutholile

uxhaso ngaphansi kwalolu hlelo. Njengamanje, i-ADA ilekelela amapulazi ayisihlanu abhekene nokucindezeleka ahlonzwa ngaphansi kwalesi sivumelwano sokusebenzisana neThala. Amadela ase-Eston aphethwe yintsha futhi sekusemaphethelweni ukuphothulwa kwawo.

Uma esesebenza azovula amathuba emisebenzi kubasebenzi abangu-50 abaqashwe ngokugcwele futhi kuzohlatshwa izinkomo ezingu-20 ngosuku. Lona kungumsebenzi okutshalwe kuwo imali elinganiselwa ku-R12 million.

Njengengxenye ye-ADA yokuthuthukisa ingqalasizinda amapulazi amabili ezinkomo zobisi, eSummerhill naseCelokuhle ngaphansi kukaMasipala waseNkosazana Dlamini-Zuma ayalekelelwa ngezinsiza kusebenza nasedeli nokwakha ingqalasizinda. Le misebenzi yomibili seiyisungule amathuba emisebenzi engaphezulu kwekhulu abantu abasebenza ngokugcwele kanti i-ADA isitshale imali enguR7.4 million kuyo yomibili le misebenzi.

I-ADA ngokubambisana neLembe Enterprise Development bazokwethula uhlelo lwezinkukhu zamaqanda okuwumsebenzi ophethwe yintsha yaseMandeni, okutshalwe kuwo imali elinganiselwa ku-R10.5 million. Lo msebenzi uzovula amathuba emisebenzi angu-80 abantu abasebenza ngokugcwele uma sewuqalile ukusebenza. Ngaphezulu kwalokhu, le nkamoani isebenza noThukela District Development Agency ukukhiqiza nokulungisa imikhiqizo ye-chicory ukuze ithunyelwe esisindeni sakwa-Nestle eMtshezi.

## **NTINGWE TEA ESTATE**

Mayelana nekusasa leNtingwe Tea Estate sengijube ithimba elakhiwe yizikhulu eziphezulu zoMnyango, osomnotho, nososayensi abasebenza ngezitshalo ukuba basebenze ngokuhlanganyela nethimba elibhekele ukuhlanganiswa kwazinkampani zikaHulumeni esengizibalulile ukuze bakhe isu lokuvuselela kabusha iNtingwe Tea Estate. Intingwe ayikaze isetshenzwe ngendlela okulindeleke ukuthi isebenze ngayo njengalokhu iyindawo eyendlalekile engamahektha angu-600 kodwa isakwaze ukusebenza nje indawo engamahektha angu-200 kuphela nakuba itiye elikhiqizwa lapha lifunwa kakhulu yizimakethe zomhlaba.

Umsebenzi wokuvuselela iNtingwe uzobhekana nomthwalo wokwenza lesi sikhungo sikwazi ukwenza inzuzo njengalokhu lokhu kuyinkinga ebhekene nomkhakha wokutshalwa kwetiye ezweni lonke, lokhu kubandakanya ngisho nokutshala eminye imikhiqizo emhlabeni ongaphansi kweNtingwe. Ngesinye isikhathi iNtingwe yake yaqasha abasebenzi abangu-600 ababesebenza ngokushiyana kwezinkathi zonyaka lokhu kwadala ukuthi imindeni eminingi ithole inzuzo eza ngqo kuyo njengoba iphila ngaphansi esimuncu kakhulu sobubha. Sifuna ukuthi iphinde ibuyele kulesi simo.

## IZIBONELELO EZINEMIBANDELA

Enyakeni wezimali ka-2019/2020 uMnyango uzothola uxhaso lwezimali oluphuma kwizibonelelo ezinemibandela okuyi-CASP, Ilima-Letsema, isibonelelo se-Landcare ne-EPWP Integrated Grant ezibhekelela iziFundazwe. UMnyango ukhathazekile kakhulu ngokungasetshenziswa ngendlela kwalezi zibonelelo ikakhulukazi isibonelelo se-Comprehensive Agricultural Support Programme (CASP).

Sizimisele ukuthi kulo nyaka wezimali kuqinisekise ukuthi kwakhiwa amasu azodala ukuthi zonke izibonelelo zisetshenziswe ngendlela ukuze kuzuze umphakathi waKwaZulu-Natali. Sizophinde siqinise izinhlobo zoMnyango ezibhekele ukulandelela nokucubungula yonke imisebenzi yoMnyango ukuze siqinisekise ukuthi isebenza ngendlela futhi iyakwazi ukuze izinhloso esungulelwe zona. Okuyikhona okuyisihluthulelo kulokhu ukuba siqinisekise ukuthi sisebenzisa indlela yokwenza edidiyele ekuzezeni imisebenzi yoMnyango okuzobandakanya neminye iminyango kahulumeni nezinhlobo ezithintekayo ezenza okufanayo nalokhu esizobe sikwenza.

## ISIBONELELO SE-CASP

Lesi sibonelelo sinikezwe uchatha omncane kusuka enyakeni wezimali ka-2018/19 ngenxa yokuthi uMnyango kazwelonke ubuyekeze ukutshala kwawo izimali wahlinzeka uhlelo lokuthuthukiswa kwabalimi abamnyama ngesixhanti esikhulu sesibonelelo sohlelo olubizwa ngokuthi yi-Black Producer Commercialisation Programme kodwa lesi sibonelelo sizobabhekelela nabalimi baKwaZulu-Natali kodwa sizophathwa ezingeni likazwelonke. Lesi sabelo sika-R199.351 million sizosetshenziswa ukuthuthukiswa kwabalimi, ukweluleka, ukubekwa kwabaneziqu emisebenzini, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda emaKolishi neQhinga Lezokweluleka.

## ISIBONELELO SEMISEBENZI YE-ILIMA/ LETSEMA

Lesi sibonelelo sithole uxhaso oluthuthukisiwe okungafani neminye iminyaka eyedlule njengalokhu manje sinikezwe isamba semali esingu-R75.253 million esizosetshenziswa ukubhekela imisebenzi esemqoka yenkasa nokuhlinzekwa kogandaganda bokulima nokukhiqizwa kokudla emakhaya nakubalimi abasezingeni labalimela ukuzondla.

## ISIBONELELO SE-LANDCARE

Lesi sibonelelo sabelwe imali engu-R12.418 million ukuze sibhekane nokuphucula imisebenzi yokunakekelwa komhlaba nemithombo yemvelo ukuqinisekisa ukuthi kuba nomkhiqizo omningi, kuba khona ukudla futhi kusungulwa amathuba emisebenzi.

## ISIBONELELO SE-EPWP EZIFUNDAZWENI

UMnyango uzothola imali elinganiselwa ku-R4.842 million ezophinde itshalwe ezinhlelweni ze-EPWP kuphinde kusungulwe namathuba emisebenzi.

## UKWETHULWA KWESABELOZIMALI NGOKWEZINHLELO ZOMNYANGO

UMnyango manje uthatha ithuba ukwethula isabelozimali esilandelayo:

**Uhlelo 1:** Ezokuphatha-R567.101 million

**Uhlelo 2:** Ukuthuthukiswa Kwemisebenzi Yezolimo-R1.828 million

**Uhlelo 3:** Ukuthuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya-R31.974 million

## MONITORING, EVALUATION AND ACCOUNTABILITY

Enye yezinto eziwubuthakathaka obugubuzele uMnyango mayelana namasu nokuthuthukiswa kwengubomgomo ukungabi khona kwezibalo nolwazi olwethembekile, olusha noluphelele ngaphakathi emkhakheni wezolimo. Lo mkhakha uye waba nokukhula okukhulu eminyakeni engamashumi amabili ikakhulukazi kwezengqalasizinda, ucwaningo, ukuthuthukiswa kwezobuchwepheshe, kodwa uMnyango awunawo amathuluzi okulandelela nokubheka izindlela ezintsha zentuthuko ephathelene nezolimo.

Kulokhu, sizibophezele singuMnyango ukuthi esikhathini esimaphakathi nengxenywe yalo nyaka siqale umbhidlango wokucosha lonke ulwazi nezibalo silekelelwa ulwazi oluqukekwe yindikimba yokucina imininingwane yezendawo. Sizophinde senze inhlobo esiFundazweni yona ezosinika ulwazi olusemqoka lwemikhiqizo nendlela eyenza ngayo ezimakethe ukuze sibe nesithombe esicacile lapho sithuthukisa inqubomgomo nezokuhlela ngaphakathi embonini.

Kufanele siqhubeke nokulandelela ukusebenza kwezinhlelo zikaHulumeni nokubona umthelela eziba nawo ekuxazululeli izinkinga ezingunxa-ntathu okuwububha, ukungalingani nokwentuleka kwamathuba emisebenzi. Ngaphezulu kwalokho, kumele sibone ukuthi imali ekhishwa nguMnyango ukubhekela izinhlelo zawo isebenza kanjani.

Zonke izibophezelo esesizenzile kulokhu kwethulwa kwesabelozimali kanye nasohlakeni oluklama ukusebenza kwethu kulo nyaka i-Annual Performance Plan zizobhekisiswa ngeso elibanzi futhi ngakho konke

okwenzekayo eMnyangweni. Ngo-Agasti, uMnyango uzokwakha isithangami seLekgotla esizonkankanya ingubomgomo namasu okuqinisekisa ukuthi izimemezelo ezenziwe kulokhu kwethulwa kwalesi sabelozimali naseNkulumweni eBibhekiswe kwiZakhamuzi zesiFundazwe ukuze kuqinisekise ukuthi zonke izinhlelo ziyesekwa futhi yonke imisebenzi ehleliwe yenzeka ngononina. Ngilindele ukuthi iziphathimandla zoMnyango zikwazi ukuchaza ngakho konke okwenzekayo emisebenzini emenyezelwe lapha engaphansi kokulawula kwazo. Angizukukubekezelela ukubikwa kwembiba nebuzi kubasebenzi boMnyango lapho kumele bahambisele imiphakathi yakithi izidingongqangi zayo njengalokhu sazi sonke ukuthi iyidinga kakhulu intuthuko nokwesekwa.

## ISIPHETHO

### Somlomo Ohloniphekileyo,

Sithanda ukuthatha leli thuba sidlulise ukubonga okukhulu enhlanganweni yethu i-ANC, inhlangano yabantu bakithi nakuMhlonishwa uNdunankulu wesiFundazwe uMnuz Sihle Zikalala ngokungethemba ngalo msebenzi wokuhola lo Mnyango nakubo bonke ozakwethu esiGungwini sabaPhathiswa nesiShayamthetho ngokuseseka. Besingeke sikwazi ukufeza yonke injongo yethu ngaphandle kokuthola ukwesekwa kubo bonke ababambe iqhaza esisebenzisana nabo.

Ngithanda ukuphinde ngidlulise okukhulu ukubonga kwiNhloko yoMnyango eBambile, ithimba labaPhathi nakubo bonke abasebenzi boMnyango ngokuzibophezela kwabo ukusebenzela isizwe sakithi KwaZulu-Natali ngokuzimisela. Njengoba ngethula lesi sabelozimali soMnyango lapha namuhla ngibheke phambili ekusebenzisaneni neKomidi eliBhekele ezoLimo eselivele lifake isandla ekuklamweni kwe-Annual Performance Plan yoMnyango.

Somlomo oHloniphekileyo namaLunga, njengalokhu nazi ukuthi akunandoda nankosikazi engasebenza ngayodwana njengesiqhingi, ngifisa ukwedlulisa ukubonga emndenini wami ngokungeseka, ibandla engikhonza kulo ngokungihola ngokomoya nasemphefumulweni, bese ekugcineni ngithatha leli thuba ngibonge kakhulu kumyeni wami ubaba uLucky Moloi ngokunginika ukwesekwa okusekelwe othandweni.

Ngakho-ke, ngithatha leli thuba ukuba ngethule isabelozimali soMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya sonyaka wezimali ka-2019/20.

Ngiyabonga





## agriculture & rural development

Department:  
agriculture & rural development  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

# UKWETHULWA KWESABELO ZIMALI

## 2019/20

**To obtain copies of this document,  
please contact:**

Department of Agriculture and Rural  
Development  
Executive Building,  
Communication Services  
01 Cedara Road, Cedara  
Pietermaritzburg  
3200  
Tel: 033 343 8240  
Fax: 033 343 8255  
[www.kzndard.gov.za](http://www.kzndard.gov.za)



[www.kzndard.gov.za](http://www.kzndard.gov.za)



KwaZulu-Natal Department of Agriculture  
and Rural Development



@KZNDARD

